



Iphupho LikaGraça

Le ncwadi ingeka:









Iphupho LikaGraça

Written by Melissa Fagan

Illustrated & designed by Karlien de Villiers & Marike le Roux

with the help of the Book Dash participants in Cape Town on 30 August 2014.

Translated by Robert Mchunu

ISBN: 978-1-928365-08-2

This work is licensed under a Creative Commons Attribution 4.0 Licence (<http://creativecommons.org/licenses/by/4.0/>). You are free to share (copy and redistribute the material in any medium or format) and adapt (remix, transform, and build upon the material) this work for any purpose, even commercially. The licensor cannot revoke these freedoms as long as you follow the following license terms:

Attribution: You must give appropriate credit, provide a link to the license, and indicate if changes were made. You may do so in any reasonable manner, but not in any way that suggests the licensor endorses you or your use.

No additional restrictions: You may not apply legal terms or technological measures that legally restrict others from doing anything the license permits.

Notices: You do not have to comply with the license for elements of the material in the public domain or where your use is permitted by an applicable exception or limitation.

No warranties are given. The license may not give you all of the permissions necessary for your intended use. For example, other rights such as publicity, privacy, or moral rights may limit how you use the material.

Iphupho LikaGraça



Melissa Fagan, Karlien de Villiers
and Marike le Roux

UGraça wayesezozalwa endaweni yasemakhaya encane
eseMozambikhi. Izwe laseMozambikhi laleswele kanti
ngaleso sikhathi nabantu bakhona babengazibusi bona
ngokwabo. Izingane zazingenazo izikole ezinhle kanti
eziningi zazo zazingakwazi nokufunda. Umama kaGraça
wayephupha ngokuthi ufisa ukunika indodakazi yakhe
amathuba angcono. Kodwa ngaphandle kwemfundo,
ithemba lalilincane kakhulu.





Ingane enguGraça yazalwa yaba ngeyesithupha ezinganeni zakwabo. Kodwa njengoba kwakunokujabulela ukuzalwa kwakhe nje, kwakukhona nobuhlungu obukhulu futhi. Ubaba wabo othandekayo wayefa. Kepha ubaba wakhe waphupha ngokuthi indodakazi yakhe yayizoya esikoleni esiphambili. Ubaba kaGraça wayazai ukuthi imfundo yayizomnika amathuba angcono uGraça yena ubaba wakhe angazange abe nawo. Umndeni kababa kaGraça wenza isethembiso sokuthi wawuzolifezekisa iphupho likababa wakhe.





Kwathi kusedlule amasonto ambalwa ubaba kaGraça eshonile, wazalwa umntwana omusha. Lowo mntwana wabe esethiwa igama elalizohambisana nobuhle bakhe kanye nezibusiso ayenazo – wethiwa kwathiwa uGraça. Njengoba iminyaka yayiqhubeka ihamba, uGraça waletha ukuthokoza nokujabula okukhulu emndenini wakhe kanjalo nomndenini wakhe wasifezekisa isethembiso owawusenze kubaba kaGraça. UGraça wayezothola imfundo engcono.





UGraça wasebenza kanzima esikoleni nokwathi lapho esengumuntu omusha, wathola isipho esasizoshintsha impilo yakhe unomphelo. Wathola umfundaze wokuthi aye kofunda esikoleni esiphambili esisedolobheni. UGraça wayenephupho lokuba wuthisha ukuze asebenzise imfundo yakhe ukufundisa abanye. Wayefuna ukuthi abantwana bezwe lakhe laseMozambikhi ayelithanda kakhulu bakwazi ukufunda nokubhala. Waba nephupho ngesikhathi lapho khona bonke abantwana beyokwazi ukuthi baye esikoleni esikoleni.





UGraça wenza kahle kakhulu kuleso sikole sasedolobheni kwathi ngokuhamba kwesikhathi futhi waphinda wathola okunye ukubusiseka. Wathola omunye umfundaze owawumthumela phesheya kwezilwande ezweni lasePortugal ukuba aye kofunda enyunivesi yakhona. Lapho wafika wahlangana nabangani abasha, wafunda izilimi ezintsha waphinda futhi wafunda nezincwadi eziningi kakhulu. Wabona ukuthi iphupho lakhe lokuba nguthisha seliphumelele.

Konke lokhu kwenza ukuthi uGraça ajabule kakhulu. Kodwa kwakukhona into eyodwa nje vo eyayisamphethe kabi...



Emuva ezweni lakubo abantu babengakakhululeki. Kodwa ngalesi sikhathi uGraça wayesenemfundo, amakhono, kanye nethemba. Futhi wayesenabangani ababenombono ofanayo nowakhe mayelana nelungelo labantwana lokufunda. UGraça wasebenzisa ulwazi lwakhe wasebenzisana nabangani bakhe. Ngokuhamba kwesikhathi yena kanye nabangani bakhe babezoletha uguquko ezweni laseMozambikhi.





Ekugcineni, ngosizo lwabo bonke
abangani bakhe, iMozambikhi yaba
yizwe elikhululekile!





Indoda eyabe isikhethwa ukuthi kube
yiyona ehol' izwe laseMozambikhi kwaba
umngani obalulekile kaGraça, igama lakhe
okwakuthiwa uSamora Machel. UGraça
wagcina esethandana naye lo mngani wakhe
base bashada.





UGraça wanikwa umsebenzi obalulekile wokuqinisekisa ukuthi bonke abantwana baseMozambikhi bathola imfundo. Lona kwabe kungumsebenzi onzima ngoba babebaningi abantwana ababengakwazi ukufunda eMozambikhi. UGraça wayazi ukuthi bonke laba bantwana babedinga imfundo futhi naye wayefuna ukwenza uguquko lwangempela ezweni lakhe. UGraça waqala ngezikole zamabanga aphantsi, eqoqa abafana namantombazane ukuthi baye ezikoleni. Into ayegxile kuyo kakhulu kwakuwukuthi abantwana bakwazi ukufunda nokubhala futhi akwazi nokubeka izincwadi ezandleni zabantwana.







UGraça noSamora baba nezingane ezimbili.
Babenephupho elifanayo ukuthi bazenzele
izimpilo zabo ezinhle babe nomndeni omuhle
futhi babhekelele nabantu baseMozambikhi.
Laba babengabashadikazi abathokozile futhi
abanethemba.

Kwase kuthi ngolunye usuku olwaba lubi,
uSamora washona lapho kuphahlazeka
indiza ayeyigibele.



UGraça wazilela uSamora iminyaka eminingi kakhulu, kodwa kwathi ekugcineni waphinda futhi wathola umuntu amthandayo. UGraça wahlangana nendoda nayo eyayichithe impilo yayo yonke iphupha ngokuletha inkululeko, ithemba kanye nemfundo kubantu bayo.

UGraça washada noNelson Mandela kwase kuthi ngokubambisana basebenza ndawonye ukusiza abantwana base-Afrika.







Amaphupho kaGraça asefizekile.
Usebewuthisha. Usebungaze inkululeko
yezwe lakhe. Wenza kwenzeka ukuthi
izingane eziningi zithole imfundo, kanye
namathuba okuthola izinto ezinkulu futhi.









Nansi incwadi, mntanami.
Ngabe le ncwadi
izokugqugquzela ukuthi
wenzeni wena na?

